

# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

08/2015 Intshumayelo ngokhosi wePhifaniya, ngomhla ka 08. 01. 2015

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

Izwi elongamela lomkhosi liloshiwe kuJoh. 1:14b, lithi: **"Sibona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso."**

1. Iculo 74/67

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga, ngoba usithumele thina esivela kwabezizwe iNdodana yakho ethandekayo, ukuba sisindiswe yiyo. Siza ukuba umkhosi wePhifaniya esiwugubhayo namuhla ube ngumkhosi obusisiweyo nosishumayezayo ukuthokoza okukhulu ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 60:1-6;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 2:2-6;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Johane 1:15-18.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 76/69

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 2:1-12, lithi: "UJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya emihleni kaHerode inkosi, bheka, kwafika izazi eJerusalema, zivela empumalanga, zithi: Uphi lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? ngokuba sibonile inkanyezi yakhe kwelasempumalanga, size ukukhuleka kuye. UHerode inkosi esekuzwile lokhu wakhathazeka neJerusalema lonke kanye naye. Wabutha bonke abapristi abakhulu nababhali besizwe, wabuza kubo ukuthi uKristu uzakuzalelwaphi. Bathi kuye: EBetlehema laseJudiya, ngokuba kulotshiwe kanjalo ngomprofethi ukuthi: Nawe-Betlehema, lizwe lakwaJuda, kawusiye omncane nakanye kubabusi bakwaJuda, ngokuba kuyakuvela kuwe umbusi oyakwalusa isizwe sami uIsrayeli. Khona uHerode, ezibizile izazi ngasese, wabuzisisa kuzo isikhathi inkanyezi ebonakele ngaso, wazithuma eBetlehema wathi: Hambani nibuzisise ngomntwana; kuyakuthi nxa nimfumene, ningitshele ukuba nami ngiye ngikhuleke kuye.

Seziyizwile inkosi, zamuka; bheka, inkanyezi ezayibona kwelasempumalanga yahamba phambi kwazo, yaze yafika yema phezu kwalapho umntwana ekhona. Zathi ukuyibona inkanyezi, zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu. Zase zingena endlini, zabona umntwana noMariya unina, zawa phansi, zakhuleka kuye, zavula amagugu azo, zamkhunga ngeziphopho: igolide namakha nenhlaka. Kwathi ziyaliwe nguNkulunkulu ngephupho ukuba zingabuyeli kuHerode, zabuyela ezweni lakubo ngenye indlela." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, abezizwe bokuqala bakhuleka kuJesu. Sizwa lokho evangelini lanamuhla, ngoba phela izazi zasempumalanga zazingabantu abavela kwabezizwe. Ngakho umkhosi wePhifaniya esiwugubhayo namuhla ungumkhosi wethu omkhulu, ngoba siyakhumbula ngawo ukufika kukaJesu Kristu kithina esivela kwabezizwe. Okhokho bethu babengakholwa nguJesu bengamazi uNkulunkulu weqiniso nensindiso yakhe. Nasemabandleni akithi kusekhona abaningana abasanda ukuqala ukukhuleka kuJesu. Ngakho sithanda ukumbonga uNkulunkulu obonakalisa insindiso yakhe naphakathi kwethu. Masizwe ivangeli lanamuhla silibeka phansi kwesihloko sokuthi

### **Abezizwe bokuqala bakhuleka kuJesu Kristu.**

1. Ivangeli lilanda indaba yezazi ezithile ezafika eJerusalema, zivela empumalanga. Asizwa lutho ngamagama azo nezwe lakubo. Ngaleligama "lasempumalanga" siyabona ukuthi zavela ezweni elithile laseAsiya; naleli lokuthi "izazi" lisho amadoda afundile kakhulu, enokwazi okukhulu mayelana nezinkanyezi nokuma kwazo. Lezozazi sezibonile inkanyezi entsha emangalisayo ezweni lakubo, zashesha ukuqonda ukuthi ikhomba ukuzalwa kwenkosi entsha. Mhlawumbe zathola lokhu ngokuyifunda imibhalo engcwele yabaJuda nezithembiso zikaNkulunkulu ezikuyo mayelana nokufika kukaMesiya njengalesi sokuthi: "...kuyakuvela inkanyezi kuJakobe, nentonga yobukhosi izakuvuka kwaIsrayeli." (Num. 24:17) Kusobala ukuthi uNkulunkulu uyabiza abakhe ngezindlela ezimangalisayo ezingachazeki nezedlula ukuqonda kwethu. UNkulunkulu watshala ukulangazela okukhulu ezinhliziyweni zezazi, zilangazele ukuyibona leNkosi entsha ezalelwe eBetlehema. Ngakho-ke zakhangwa yinkanyezi eyazihola zaze zafika eBetlehema.

Uma sicabanga, sicabangisise ngendaba yezazi sithola ukuthi uNkulunkulu waba-nomgomo omkhulu kusukela ekuqaleni wokuthi: Nabezizwe bamukeliswe insindiso uNkulunkulu abalungisela yona ngoKristu, bayiswe kuye, bamkhonze embusweni wakhe. Ngakho-ke uNkulunkulu wabahlelela amasu okuba bafinyelele emgomeni awumisile, okuwukuthi bezwe izwi lakhe, livule ezinhliziyi zabo, kuphenjwe ukukholwa ukuba bamamukele uJesu.

Masihlole umlando wethu ukuze nathi siqonde ukuthi saholelwa kanjani ekukholweni nguNkulunkulu. Akufanele yini ukuba silubheke usuku lokubhaphathizwa kwethu esahlanganiswa ngalo noKristu?

2. Indaba yezazi isifundisa nokunye. Sizwa ukuthi inkosi yabaJuda yalesosikhathi uHerode wayenomhawu omkhulu, wesaba ukuthi ubukhosi bakhe buzohlwithwa buthathwe yilenkosi entsha. Ngakho-ke wakhathazeka kakhulu enhliziyweni yakhe. Kodwa washesha wenza uzungu lokumbulala uJesu. Ngakho lokhu wacela ngamazwi amnandi ukuthi izazi mazimtshele indawo lapho zimfumene khona uJesu, ukuba naye aye kuye, akhuleke kuye.

UMathewu ulanda lendaba ukuze akhombise ukuthi uJesu walahlwa yisizwe sakubo kusukela ekuqaleni. Nabapristi nababhali ababenokwazi mayelana nezithembiso zikaNkulunkulu abamamukelanga uJesu, okuwukuthi abayaziyo indlela yokukholwa abayihambanga. AbaJuda abaningi babekhubeka ngoJesu, bengathandi ukuba neNkosi enjengaye. Nomplostoli uPawulu wakhuluma obala kubaJuda eqinisa ukuthi: "Bekudingeka ukuba izwi likaNkulunkulu likhulunywe kini kuqala; kepha lokhu nilinqaba, nizisho nina nithi anifanele ukuphila okuphakade, bhekani, sesiphendukela kwabezizwe." (IzE. 13:46) Kuyilokhu okubonakalayo nasendabeni yezazi: Zona-ke zamamukela uJesu, zakhuleka kuye, kodwa isizwe esikhethiwe sikaNkulunkulu sanqaba ukumamukela uMsindisi wezwe.

Okukhanyayo yilokhu: Omlahlayo uJesu, uyamlahla uNkulunkulu. Ongafuni ukumuzwa uJesu, udelela uNkulunkulu. Ongamlaleli uJesu, akamlaleli noNkulunkulu. Ongaboni ukuthi uJesu unguMesiya noMsindisi, akamazi uNkulunkulu. Ayikho enye indlela yensindiso ngaphandle kwalena elungisiwe nguNkulunkulu ngoKristu Jesu.

3. Izazi zaholelwa yinkanyezi kuJesu. Yema phezu kwendawo lapho uJesu ebe-khona. Kuyaphawulwa ukuthi: "Izazi zathokoza ngokuthokoza okukhulu." Nengelosi yasezulwini yathi kubelusi: "...nginibikela izindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu." OkukaJesu kuyamthokozisa umuntu. OkuJesu Kristu uzwa ukwenama okukhulu okungachazeki ngolimi. Ngoba uJesu uyathulisa inhliziyu. Umuntu wesizwe akusasweleki ukuba ahlupheke ngokusindiswa kwakhe, kukhona lapho kukhona uJesu. Ngoba uJesu uyinsindiso uNkulunkulu ayilungisele "ebusweni babantu bonke, ukukhanya kokwambulela abezizwe, nenkazimulo yesizwe sakho uIsrayeli." (Luk. 2:30-32) ukuthi inhliziyu yakhe isiguquliwe yizwi leNkosi. Ingcebo yasezulwini isiyinhloko yakhe. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba wethu, siyabonga amasu akho osimema ngawo nathi esivela kwabezizwe, ukuba sibe ngabakaKristu. Vusa, ulondoloze ukukholwa nothando lwethu, ukuba sikufakazele ngamazwi nangezenzo zethu ukuthi sisindisiwe nguwe. Ngaye uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 73/66

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1971/2003/20014 ngu-G. Schulz (†).

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.